*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Ukucula iqiniso: Indaba kaMiriam Makeba*
Illustrated by Louwrisa Blaauw
Written by Jade Mathieson
Designed by Bianca de Jong
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

ISBN: 978-1-928377-84-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Ukucula iqiniso

## Indaba kaMiriam Makeba



Kudala kakhulu, edolobheni elikhulu laseGoli, kwazalwa ingane yentombazane. Leyo ngane kwakuyimina. Umama wangibiza ngokuthi nginguZenzile Miriam Makeba.





Umama wayeyisangoma, kodwa futhi wayesebenza ukwenza imizi yabanye abantu icoceke futhi ihlanzeke. Kwakunzima kumama ukwenza imali esanele sobabili mina naye. Waqala ukwenza utshwala obuphiswe ekhaya ukuze athole imali  ethe xaxa.





Imithetho yezwe yayithi ukuthengisa utshwala obuphiswe ekhaya akulungile. Amaphoyisa afaka umama ejele izinyanga eziyisithupha. Ngaginezinsuku eziyi-18 kuphela ubudala futhi ngangimdinga umama. Ngakho-ke noma ngangiwusana, nami ngaya ejele.





Ngiseyintombazanyana ngangikuthanda ukucula. Kwathi sengimdadlana, ngasiza umama ukuhlanza izindlu. Ukucula izingoma ngenkathi ngisebenza kwakwenza umsebenzi uhambe ngokushesha kanti nezinsuku kwakusengathi ziqhakazile. Ukucula kwakungenza ngijabule ngendlela engingenakuyichaza.





Ngangicula esontweni lakithi, futhi lokhu kwakwenza nabanye bajabule. Umculo unamandla okuhlanganisa abantu. Ngenkathi sicula sasizizwa sinesibindi futhi siqinile.





Abantu babethi izwi lami
liyisipho kanti nezingoma zami
zazikhethekile. Ngangicula nabanye
abaculi futhi umculo wethu
wawuzwakala umhlaba wonke.





Ikhaya lami laliseSophiatown, indawo yamasiko nomculo; endaweni lapho abaseNingizimu Afrika babekwazi ukwenza khona umculo ngokuzwana, badanse ndawonye. Kodwa abantu ababebusa izwe ngaleso sikhathi babengakuthandi lokhu kuhlangana. Labo babusi babengafuni ukuthi abamnyama nabamhlophe babe ngabangani.







Ngangazi ukuthi kwakungalungile ukuphatha abantu ngendlela eyahlukile ngenxa yombala wesikhumba sabo. Angizifihlanga izinkolelo zami, kanti labo bantu ababephethe babefuna ngiphume ezweni. Ngahamba ngayocula ezweni laseMelika. Ngatshelwa ukuthi ngeke ngiphinde ngibuyele ekhaya.



Emhlabeni wonke abantu bezwa ngendaba yami. Izingoma zami kanye nendaba yami yasiza abaningi ukuthi babone ukuthi babungekho ubulungiswa eNingizimu Afrika kulabo abanesikhumba esimnyama. Nganquma ukuqhubeka nokucula futhi ngikhuluma iqiniso ngezwe lami, noma kunjani.





Umhlaba wawuthanda umculo wami futhi ngemukelwa emazweni amaningi. Ngathola imiklomelo futhi ngaculela abantu ababalulekile emhlabeni wonke. Impilo yami yayiyinhle kodwa kukhona okuthile okwakuswelekile. Ngangingakwazi ukucula ezweni lenkaba yami, futhi abantu lapho babengakhululekile.





Makhathaleni kwafika usuku
oluyusimanga lapho uNelson
Mandela eba wumongameli
waseNingizimu Afrika. Abantu
abasha base bephethe kanti imithetho
engenabulungiswa kwase kuyinto
yakudala. Ekugcineni ngaya ekhaya
nginethemba elisha enhliziyweni yami.





Emva kwalokho ngase ngikwazi ukucula ezweni elikhululekile nelinobulungiswa. Abantu bemibala eyahlukene base bethokozela umculo ndawonye. Ngasiza ukuthi lokhu kwenzeke ngoba nganginesibindi futhi ngiqinile. Ngangicula iqiniso kuzo zonke izingoma zami.





